



AUDITOR - GENERAL  
SOUTH AFRICA

# MEDIA RELEASE

**UMcwaningimabhuku-jikelele ubika okuyela ebungconweni okuphawulekayo maqondana nemiphumela yokucwaningwa kwamabhuku ezimali zohulumeni basekhaya.**

**EKAPA** – Umcwaningi-mabhuku-jikelele, uKimi Makwetu, uthe izolo, kuyisinyathelo esinomekayo maqondana nokuphatha okuhle emkhakheni womphakathi eNingizimu Afrika, ukwanda okuphawulekayo kohulumeni basekhaya nemisebenzi yawohulumeni basekhaya abamukele imibono yokucwaningwa kwamabhuku ezimali ngokungekho ezingeni, eyayingakhombisi imiphumela yocwaningo onyakeni-zimali 2013-2014.

Ngenkathi ethula umbiko wakhe wemiphumela yokucwaningwa kwamabhuku ezimali yohulumeni basekhaya kulo nyaka obukezwayo, uMakwetu uthe, ukuqhubeka kokuthuthuka kwemiphumela yokucwaningwa kwamabhuku ezimali kohulumeni basekhaya ikakhulu kungenxa yobuholi kwezombusazwe nakwezokuphathwa kwamahhovisi, nakuba kunqindekile, “ukuqala kokulungisa umoya ngokuyikho nokuhola ngesibonelo ekuqinisekiseni ukuthi izisekelo zokuphatha okuhle zikhona, futhi ziyasetshenziswa ngenkuthalo”, okuhambisana nemiyalezo elokhu ivele njalo ehhovisi lakhe, ekhuthaza ukuzihlela okuhle emkhakheni wezomphakathi.

Umcwaningi-mabhuku jikelele uthe, labo hulumeni basekhaya, kanye nemisebenzi yabo abathuthukile, noma abakugcinile ukuthola imiphumela emihle emabhukwini ezimali zanyakenye, baye bakwamukela noma babuyela ezisekelweni zokuphatha okungenasici. Lezo zifaka phakathi imisebenzi eyizisekelo enjenga le:

- ukwethulwa kwezisekelo zokuphathwa kwezimali, kanye neziqikelelo zokwelusa kwemihla ngemihla

- ukuphoqelela ukuhambisana nayo yonke imithetho eshicilelwe
- ukuqasha kanye nokugcina abasebenzi ezikhundleni zokuphathwa kwezimali abasemazingeni afanelenokugogoda ekhakheni wemisebenzi. Ukuvumela umphathi omkhulu kwezezimali ukuba abheke umsebenzi wokuhleleka kwezimali, bese ebika kumphathi noma isikhulu kahulumeni wasekhaya.


Ekucwaningweni kwamabhuku ezimali kwaminyaka yonke, uMchwani-mabhuku-jikelele wase Ningizimu Afrika uhlola:

- ukwethuleka okwamukelekile, nokungenazo izitatimende ezingamampunge emibikweni yezimali
- ukwazisa ngokwenzekile okwethembekile nokukholekayo ngezinhloso zokubika ngemigomo yokwenza ehlosiwe.
- Ukuzibophezela kuyo yonke imithetho nezimiso ezengamele izindaba zokuphathwa kwezimali.

Isikhungo esicwaningelwe amabhuku ezimali siphumelela ukuba nokucwaningwa olumsulwa uma izitatimende zaso zezimali zingenabala, kungekho miphumela yocwaningo mabhuku ebikiwe okukanye maqondana nezinjongo ezihlosiwe noma ukuzibophezela emithethweni nasezimisweni.

Imiphumela yokucwaningelwa amabhuku yabahloliwe abangama-325 (ohulumeni basekhaya abangama-268 nemisebenzi yohulumeni basekhaya engama-57) iphakathi embikweni wamuva ongujikelele.

### **Imiphumela Yokucwaningelwa Amabhuku Ezimali**



### Ukucwaningwa kwamabhuku ezimali okungenasici (isithombe esingujikelele sikazwelonke)

UMakwetu uthe inani lilonke lohulumeni basekhaya nemisebenzi yabo abathole emiphumela engenasici kusukela kwabangama-30 ngonyaka wezimali we-2012-13 kwaya kwabangama-58 kowe-2013-14; ekubeni kubenesikhombisa kuphela owe-2007-08, okube ngumphumela odale kube khona ukwethulwa komkhankaso wenhlolomabhuku engenasici. Lokhu kumele ohulumeni basekhaya abangama-40 (abane ekhulwini) nemisebenzi yabo eli-18 (engama-32 ekhulwini) kuzwelonke. Wathi kuyaphawuleka ukuthi abacwaningiwe abangama-27 (ohulumeni basekhaya nemisebenzi yabo) bamukela imibono engenasici yokucwaningwa kwamabhuku ezimali ngowe-2012-13, “okuluphawu olukhuthazayo lokuthi ukwenza ngcono kulaba bacwaningwa kuyaqhubeka”.

UMakwetu uphawule ukuthi abahlolwa emkhakheni wocwaningomabhuku ezimali engenamaphutha babegxile ekuqiniseni ubuqotho nokuqikelela ekwengameleni kwabo kwezezimali. Babemukele futhi bebelesele ekusebenziseni lokhu kuqikelela okulandelayo:

- a) Bakhiqiza izitatimende zezimali ezazingenazo izitatimende ezingamaphutha (izitatimende ezingamaphutha kusho amaphutha noma okungenziwanga nokugqame ngendlela yokuthi kunomthelela ekwethembekeni Kanye nokukholeka kwezitatimende zemali.)
- b) Bazibophezela ekugcineni yonke imithetho eshicilelwe
- c) Bakale basebebika ukusebenza kwabo embikweni wabo wonyaka wokusebenza ngendlela ehambisana nezinjongo ezihlosiwe ezisohlelweni lwabo lwezentuthuko edidiyelwe futhi/noma ukwenziwa kwemisebenzi yonyaka, nokusetshenziswa kohlelo lwezimali ngendlela esebenzisekayo nethembekile.
- d) Baba nokuqikelela okuhle kanye/noma bagxila ezindaweni ezazidinga ukunakwa ngokuthe xaxa, ukuze kuqinisekise ukuthi isimo sokungabi nasici kuhlala kunjalo. Lokhu kufaka phakathi:
- ubuholi obudala isimo esivumelana nokuqikelela kwangaphakathi nokuba neso elibanzi
  - iziphathi-mandla ziqikelele ukuthi imigomo ikhona ukuze kube khona ukuphathwa kwezimali nokokwenza okunenkuthalo
  - ukusebenzisa izidingongqangi nemigomo ukhukhiqizeni nokushicilela kwemisebenzi Kwansuku zonke nanyangazonke.
- e) Babe nabantu abamqoka ekubambeni iqhaza bebambisene ukuveza iziqiniseko zobuqotho bemibiko yezimali nokusebenza. Laba bahlolwa bakuqonda ukuthi ukuqiniseka ebuqothweni bolwazi emibikweni yezimali nemibiko yokusebenza kwaqhamuka kakhulukazi ekwenzeni kwabaphathi noma ubuholi, nababambisene nabo ekuphatheni, yocwaningo-mabhuku bangaphakathi, nomkhandu waba cwaningi- mabhuku.
- f) Baqinisekisa ukugcinwa kokugcinwa nokuqikelelwa kwezincwadi kwasatshalaliswa esikhungweni.
- g) Banciphisa noma navala izikhundla ezimqoka zomsebenzi, baletha ukuzinzwa emazingeni eziphathi mandla, inzinhlolo jikelele, izinhloko kwezezimali kanye nobangamele ezokuthenga nokudayisa.

Imiphumela yesifundazwe jikelele ingehlukaniswa imikhakha kanjena:

1. Okokuqala, izifundazwe ebezinokuphathwa kwezimali okucishe kuqine, nezibopho zoqikelelo kwabaningi ohulumeni basekhaya, bezifaka phakathi kulo mkhakha i-Gauteng, iKwaZulu-Natal neNtshonalanga Kapa.
2. Okwesibili, izifundazwe ezakhombisa umnyakazo omuhle wokuya phambili kodwa onqindekile emiphumeleni yocwaningomabhuku ezimali enokuphathwa kwezimali nokuqikelela okuphawuleka ngendlela engagculisi. Iningi lawohulumeni basekhaya eMpumalanga Kapa, esifundazweni saseMpumalanga nase Nyakatho Kapa bangena kulo mkhakha.
3. Okwesithathu, izifundazwe ezinohulumeni basekhaya abanezibopho zokuphathwa kwezimali ezibuthaka kakhulu ezinobuthakathaka obugqamile ekuqikeleleni kohulumeni basekhaya. Abangena kulo mkhakha wokugcina ngohulumeni basekhaya abaseFreyistata, eLimpopo naseNyakatho-Ntshonalanga.

Ukuqikelela okungagculisii, okuvamile kohulumeni basekhaya abangazange bazuze ucwaningomabhuku lwezimali olungenasici, bafaka ukusebenza kukaHulumeni ebucayini bokuxhashazwa okusabalele nokuvama kokulahleka kwemizila eyenele yocwaningomabhuku yokufakazisa ukungena nokuphuma kwezimali.

### **Izifundazwe ezinokuphathwa kwezimali nezibophezelo zokuqikelela okucishe kuqine kwabaningi ohulumeni basekhaya**

UMakwetu uthe izifundazwe eziningi zikhombise ukuthuthuka emiphumeleni yazo yocwaningomabhuku ezimali, okuphakathi kwazo ezenze isibalo sezinocwaningomabhuku olungenasici kuyiGauteng ebene-13, KwaZulu-Natali ebenama-20, kanye neNtshonalanga Kapa ebene-18.

Abanengi ohulumeni basekhaya nemisebenzi yabo kulezi zifundazwe babe nokuqikelela kwangaphakathi okuhle, noma bebelungisa ezindaweni ebezidinga ukunakwa okuthe xaxa. Lezi ziqikelelo bezigxilise yizikhundla zemisebenzi eziningi ebezigcwaliswe yiziphathimandla ezimqoka ebesezivele ziphumelele ukuba nezidingo zamakhono ezibekiwe. Lokhu kwenza abanengi abahlolwa baveze izitatimende zezimali ezazingenazo izitatimende eziliphutha, kanye nokuhambisana nemithetho eshicilelwe emqoka.

“Ngiyaliphawula iqhaza elibanjwe yizingxenye zocwaningomabhuku lwangaphakathi, amakomiti ocwaningomabhuku, imikhandlu, amakomiti ezibalo zomphakathi zikahulumeni wasekhaya, kanye

nezikhungo zokuxhumanisa ngokuba neso elibanzi ekuthuthukiseni ukuphathwa kukahulumeni wasekhaya wendawo kulezi zifundazwe,” kusho uMcwaningimabhuku-jikelele.

Nokho, uMakwetu usheshe wexwayisa ukuthi “nakuba imiphumela yocwanningomabhuku ezimali ibe ngcono, futhi kudingekile ithakaselwe”, okunye ukuthuthuka kuvele ngokwethembela ngokweqile kubeluleki abaqashwayo, nasekulungisweni kwamaphutha aphawulwe ngabacwanningimabhuku ezimali ngenkathi kuqhubeka inhlolomabhuku ezimali, ekubeni abahlolwa abaningi ababenemiphumela yocwanningo yokuphathwa kophiko lokubambisana ekuthengeni nasekudayiseni izinto zikahulumeni wasekhaya, bekulokhu kuphezulu kulo mkhakha wezifundazwe.

Labo hulumeni basekhaya babe nokusetshenziswa kwezimali okungeyikho okufinyelela kumabhiliyoni amarandi ayi-3 643, okukuzo ezingamabhiliyoni zamarandi ezi-3.3 zadalwa yilabo ohulumeni abangatholanga ucwanningomabhuku lwezimali olungenasici kulo mkhakha. Kukonke ukungasetshenziswa kahle kwezimali kohulumeni basekhaya base-Gauteng kulibhiliyoni lamarandi eli-1.1; KwaZulu-Natali amabhiliyoni amarandi ama-2.3; bese eNtshonalanga Kapa zigidi zamarandi ezili-162.

### **Izifundazwe ezinomnyakazo omuhle onqindekile ezinokungagculisi okugqamile kokuphathwa nokuqikelelwa kwezimali**

Izifundazwe ezinabangingi ohulumeni basekhaya nemisebenzi yabo kulo mkhakha, yiMpumalanga Kapa, yiMpumalanga kanye neNyakatho Kapa. Ngasinye salezi zifundazwe bezinohulumeni wesifunda obenomphumela ongenasici wocwanningomabhuku ezimali ngokokuqala ngqa noma obezigcine engenasici kucwanningomabhuku ezimali.

Iqophelo lezitatimende zezimali ezilethelwa ukucwanningwa kuhlala kuyinkinga kulezi zifundazwe, okugqamisa ukuqhubeka kokwethembela kwabahlolwa ekutheni ekugcineni kocwanningomabhuku bazuze imibono yocwanningomabhuku ezimali engaphawuliwe. Lokhu, kukanye nokwethembela ngokweqile kubeluleki abaqashwayo ukusiza ngokubikwa kwezimali nokusebenza, kukhombisa ukuthi izikhalazo maqondana nokuqikelela kwangaphakathi, nokusweleka kwamakhono kulaba bahlolwa akukaze kunakwe ngokwenele.

UMcwaningimabhuku-jikelele uthe ikakhulu ukhathazekile ngokweqiwa komthetho okuphakeme kwezokuphathwa kokuthenga nokudayiswa kwezinto zikahulumeni wasekhaya, okuqhutshwa yimigudu yokuthenga engaqhathanisi amanani nenokwenzela, nokuzenzela imali kwabaqashwe nguhulumeni ngemali kahulumeni, nokwehluleka kokuqikelela kwangaphakathi okube nomthelela wokusetshenziswa kwemali okungekho emthethweni okufinyelela kumabhiliyoni amarandi azinkulungwane ezi-4 155, ezidaleke kulezi zifundazwe. Ingxenye yalesi sigaxa yokusetshenziswa kwezimali yeMpumalanga Kapa ingamabhiliyoni amarandi ayizinkulungwane ezi-3.36; eMpumalanga yizigidi ezingama-567; kanye neNyakatho Kapa izigidi zamarandi ezingama-238. Ingxenye yalezi zamba ingeyohulumeni basekhaya abazuze ucwaningomabhuku ezimali olungenasici okuyizigidi ezili-15.4. Onke amazanga obuholi kumele adale umoya ngokubhekana mahlanze nokweqiwa kwemithetho efanele.

Futhi-ke, imiphumela yenhlolo yethu yoqikelelo olumqoka, nezinga lokuqinisekisa elivezwa ngababambe iqhaza abaqavile likhombisa ukuthi kube nemiphumela engagculisi yokungenzi kahle, kanye nokusweleka kokungenelela kobuholi ukubhekana nezimbangelangqangi zonyaka owandulele.

Kuyakhuthaza ukuphawula ukuzinikela kobuholi bezombusazwe kwalezi zifundazwe ekwenzeni ngcono imiphumela yocwaningomabhuku ezimali. Okuningi ukungenelela kufaka phakathi ukuvumelanisa ukubamba iqhaza kweminyango yokuphatha ngenhlanganyelo yezifundazwe neyezezimali, kanye nokwelekelela ngamakhono ohulumeni bezifunda, ukwenza ngcono imiphumela yabo neyohulumeni basekhaya yocwaningomabhuku ezimali.

**Izifundazwe lapho izimiso zokuphathwa kwezimali zibuthakathaka kakhulu okuhambisana nokuqikelela okusobala okuntekenteke kohulumeni abaningi basekhaya.**

Abahlolwa kulo mkhakha bagxile eFreystata, eLimpopo kanye naseNyakatho-Ntshonalanga. Akekho kubahlolwa ozuze imibono yocwaningomabhuku ezimali olungenasici, kanti neningi labahlolwa esifundazweni ngasinye lazusa imibono yocwaningomabhuku ezimali ephawuliwe, emibi noma engemihle. Kukonke, abahlolwa abaningi babeneziqikelelo ezingenelisi ezadala ukuthi ukusebenza kukahulumeni kubekeke ebucayini bokuxhashazwa osekusabalele, futhi kuvamile ukungabibikho kwemizila yocwaningomabhuku ezimali eyeneleyo yokufakazisa ukusebenza kwemali.

Iqophelo lezitatimende zezimali eza lethwayo ukuzohlolwa kuphinde laba libi phakathi kwamaphesenti angama-92 nama-97 kwabahlolwa kulezi zifundazwe, okukhomba ubuthakathaka besimo sokuqikelela kwangaphakathi kohulumeni basekhaya abaningi. Izikhala ezikhundleni ezimqoka zidinga ukuqhubeka nokunakwa eFreyistata naseNyakatho-Ntshonalanga, ikakhulu izikhundla zabaphathi bengxenywe yokuphathwa kwezokuthenga nokuthengisa impahla kahulumeni wasekhaya ebinezikhala ezingaphezu kwamaphesenti angama-50. Abaningi abahlolwa basebenzisa abeluleki abakhokhelwayo ngemali eshisiwe ukubika izimali nokusebenza, kodwa lokhu akuzange kwenze ngcono imiphumela yocwaningomabhuku ezimali ngenxa yokungemi kahle kwesimo soqikelelo.

Ukuphathwa kokuthenga nokuthengisa ngezinto zikahulumeni kuqhubeka nokuba yinkinga, okuye ngokudaleka kokusetshenziswa kwemali ngokungeyikho okuphethe ngomthamo wamabhiliyoni amarandi ezi-3 651 kuzo zontathu izifundazwe. Maqondana nalokhu, iFreyistata ikwaze ukubika ngokuziphendulela kwezigidi zamarandi ezingama-934; iNyakatho-Ntshonalanga ibhiliyoni lamarandi ayi-1 899; neLimpopo izigidi zamarandi ezingama-818. Ukungabikho kokujeziswa kwezeqo kuqhubekile kwabayinjini yokungathobeli umthetho. Ubuholi abukaze buthathe izinyathelo ezibonakalayo ukwenza ngcono lesi simo, nokubhekana nezimbangelangqangi zalokho okutholwa wucwaningomabhuku ezimali, ngokusho koMcwaningimabhuku-jikelele.

Isishayamthetho neminyango exhumanisayo yezifundazwe ihlinzeke isiqiniseko esingenele noma asibanga khona kuleso naleso sifundazwe. Amahhovisi kandunankulu wesifundazwe kumele aqinise ubudlelwano kohulumeni kokuqondene nokubhekwa kweminyango exhumanisayo, njengalokhu inomthelela ekusebenzeni kukahulumeni wasekhaya.

### **Ukuhambela kukaMcwaningi-mabhuku jikelele kohulumeni basekhaya ukuqondisisa ukuxhumana phakathi kocwaningomabhuku olungenasici nokudluliselwa kwemisebenzi kubantu**

Ezinyangeni ezintathu zokuqala zonyaka we-2015, uMcwaningimabhuku-jikelele wahambela ohulumeni basekhaya abehlukene ezweni lonke ababethole ucwaningomabhuku olungenasici. Lezo zindlela zazibandakanya ohulumeni basekhaya abaKwaZulu-Natali, eNtshonalanga Kapa, eMpumalanga, eGauteng naseMpumalanga Kapa.



UMakwetu uthe lezo zindlela okunye kwazo kwakubhekiswe ekuhalaliseleni ohulumeni ngocwaningomabhuku olungenasici, ekubeni futhi kumenze aqonde ukuxhumana phakathi kokuzuzwa ucwaningomabhuku olungenasici nokudluliselwa kwemisebenzi kubantu.

“Kanye nobuholi balaba ohulumeni, saba nethuba lokuzindla ngobumqoka bobumsulwa bezokuphatha njengodondolo lokududula ukudluliselwa kwemisebenzi kubantu. Ohulumeni basekhaya baba nethuba futhi lokuqhakambisa izinhlaka zokuphatha njengengxenye ebalulekile ekuqinisekiseni ukufinyelela ekutholeni imiphumela yocwaningomabhuku olungenasici. Ubuholi bezombusazwe nobezokuphathwa komsebenzi bangiphelekezela nethimba lami ezinkambweni zokuyobona imisebenzi eqavile, lapho abasivezela ngokunemininingwane ukuthi leyo misebenzi yayenganyelwe kanjani ukuze kusizakale imiphakathi. Njengengxenye yalokho kwenza, imisebenzi eyahanjelwayo yayixhume ezinjongweni zombiko wokusebenza wonyaka kahulumeni wasekhaya, kanjalo njengezixenye zezinkomba ezimqoka zokusebenza emibikweni yabo yonyaka we-2013-14. Ngahlabeka umxhwele ngalo msebenzi omkhulu owenziwa yilaba ohulumeni ukuba babe negalelo elihle emiphakathini yabo, abanye kubo abasezindaweni ezisezixenye ezingamajukujuku ezwe lakithi. Laba ohulumeni bakhombisile ukuthi uma unezisekelo ezinhle eziyiziqalelo zokuqikelela ukuphatha nokulawula, ungakwazi ukuzisebenzisa ngempumelelo ukwenza ngcono izimpilo zabahlali bakho,” kugqugquzela uMcwaningimabhuku-jikelele.

### **Imisebenzi emqoka yobuholi ekwenzeni ngcono ucwaningomabhuku ezimali, nokuqinisekisa ukuphatha okuhle**

UMcwaningimabhuku-jikelele wathi ihhovisi lakhe lifakeka umdlandla yimisebenzi kaHulumeni kazwelonke, njengesu lokubuyela ezisekelweni lohulumeni basekhaya, okungenzeka kube nomphumela omuhle ekwenzeni ngcono emiphumeleni yocwaningomabhuku ezimali, kanye nokuphatha okuhle uma sekufezwe ngokuphelele. UMakwetu uthe ukusabela okuhle nokuzibandakanya kwabaphathizifunda, osomlomo kanye namalungu emikhandlu ebhekele ezezimali kanye nawohulumeni basekhaya kwaba nomthelela omuhle emiphumeleni yocwaningomabhuku ezimali ngowe-2013-4.

“Laba baholi bawesekile umkhankaso wocwaningomabhuku olungenasici nokuphatha okuhle jikelele. Ngokugqugquzela ukusebenzisa iziqalozibopho kohulumeni babo basekhaya, ikusasa lemiphumela yocwaningomabhuku ezimali kungagudlukela endaweni edingekayo – okungukuphatha jikelele okungenasici. Ihhovisi lethu lizoqhubeka nokubambisana nalaba baholi ngokusebenzisa amava abo, nokwabelana ulwazi ekwenzeni ngcono ukubikwa kokuphathwa kwezimali nokusebenza kohulumeni basekhaya,” kuphetha uMakwetu.

## **Okunye ukuphawula okubalulekile ocwaningwenimabhuku ezimali**

### **Ukwenza ngcono okuqhubekayo ekulethweni ngesikhathi kwezitatimende zezimali**

Umbiko woMcwani-mabhuku jikelele ukhombisa ukuthi bebonke bangama-323 abahlolwa (amaphesenti angama-96) kwashaya umhla zingama-31 kuNcwaba ngowe-2014 sebezilethile izitatimende zabo zezimali ukuzohlolwa (noma engakashayi umhlaka wama-30 kuMandulo ngowe-2014 kokuqondene nezitatimende zezimali ezibukeziwe), njengokudingwa ngumthetho oshicilelwe. Kwakusasilele imibiko elishumi ngosuku lomnqamulajuqu ukuba ibalwe nemibiko embikweni ongujikelele, eyisishiyagalolunye kuyo isiqediwe kumanje nje.

### **Ukwenza ngcono ekuphathweni kwabeluleki abakhokhelwayo**

Umbiko ukhombisa ukuthi bangama-84 amaphesenti abahlolwa abasebenzisa abeluleki abakhokhelwayo ukubasiza ekubikeni okwezimali noma ekulungiseleleni ingqikithi yokusebenza, noma zombili lezi zingxenye (okuthe xaxa ukusuka kuma-80 amaphesenti anyakenye).

Izindleko zokwelulekwa okukhokhelwayo kwakucishe kube ngamarandi ayizigidi ezingama-821, okuhlanganisa nezamba ezichithwe lihhovisi lezezimali, kanye neminyango yokuphatha ngokubambisana. Isamba sikhuphuke kusukela emarandini azigidi ezingama-725 nyakenye, okumele nje ingxenye elinganiselwa emarandini azigidi ezi-3 151 ezachithwa ngohulumeni basekhaya emisebenzini yabaluleki abakhokhelwayo.

Sebebonke, ama-55 amaphesenti abahlolwa abalekelelwa bathola imibono engaphawuliwe yocwaningomabhuku ezimali – okungukuthuthuka okuphawulekayo uma kuqhathaniswa nama-46 amaphesenti ngowe-2012-13. Kanjalo, ama-58 amaphesenti agwema imiphumela engemihle eqophelweni elihle lemibiko yabo yokusebenza yonyaka - ukuthuthuka kusuka ema-55 amaphesenti ngowe-2012-13.

UMakwetu uthe ucwaningomabhuku lwezimali zehhovisi lakhe zokuphathwa kwezabeluleki abakhokhelwayo kubahlolwa abangama-293 kuveze ubuthakathaka obuli-184 (ama-63 ekhulwini) kwabo, okungukuya phambili okuphawulekayo uma kuqhathaniseka ne-197 (amaphesenti angama-79) ngowe-2012-13. “Imiphumela yokucwaninga kwethu ibandakanya amakhono angedluliselwanga,

ukusebenza nokwelusa okubi, kanye nemigudu yokuhlela engenele,” kusho uMcwaningimabhuku-jikelele.

**Ukwehla kokusebenzisa kabi imali, kanye nokusebenzisa okungenasithelo nokusaphazayo; kodwa ukwenyuka kokusetshenziswa okungagunyaziwe.**

Ukuchitha imali okuzigidi zamarandi ezi-11 473 kwenziwa ngabahlolwa abangama-264 – okungukuthuthuka kusuka emarandini ayizigidi ezi-12 226 okwenziwa ngabahlolwa abangama-270 ngowe-2012-13. UMcwaningimabhuku-jikelele uthethe ukungahambisi ngokomthetho emibandeleni yokuthenga impahla kunomthelela omkhulu ekwephuleni umthetho ekusebenziseni imali.

“Kasizange siphenye ekukhipheni imali ngendlela engekho emthethweni ngoba lokho kungumsebenzi womkhandlu. Ngokocwaningomabhuku kwethu okuvamile sakwazi ukubona ukuthi izinto nemisebenzi okwemukelwa kuyizigidi zamarandi angama-6 598 (58%) nokuthengisa ngokusebenzisa imali ngokungekho emthethweni, naphezu kwemithetho elindelekile eyengamele ukuthenga engalandelwanga. Nokho, singeke siqinisekise ukuthi izinto nemisebenzi kwenziwa ngentengo engcono, nanokuthi lelo nani lemukelwa yini,” kuchaza uMcwaningimabhuku-jikelele.

Ukusetshenziswa kwemali okungenasithelo nokungukusaphazwa kwezigidini zamarandi angama-687 kwadalwa ngabahlolwa abangama-250 – okungukuthuthuka kusuka ezigidini zamarandi ezingama-860 ezenziwa ngabahlolwa abangama-222 nyakenye. Ukusetshenziswa kwemali okungagunyaziwe kwezigidini zamarandi ezi-11 402 kwenziwa ngohulumeni basekhaya aba-190 (71%)– ukukhuphuka okugqamile uma kuqhathaniseka nezigidi zamarandi ezi-8 502 ezadalwa ngohulumeni basekhaya aba-175 nyakenye. Sekukonke, amaphesenti angama-61 okusetshenziswa kwemali okungagunyaziwe kwakuphathelene nezinto ezingeyiyo imali, okusho ukubala ngokulinganisa njengokonakeleyo kanye nokuhlinzekiwe.

**Impilo yokwezimali yohulumeni basekhaya**

UMakwetu uphetha ngokuthi “kunesisindo esikhulu kwezezimali ezingeni lohulumeni basekhaya, njengokukhonjiswe kulo mbiko”. “Ukuxubana kokubekeka engozini kwempilo yezezimali nobuthaka ekuqikeleleni bekumele kwenele ukukhuphulela isimo ezingeni lapho uhulumeni wendawo engenza kangcono ngokuphuthumayo,” kuxwayisa uMcwaningimabhuku-jikelele.

**Ikhishwe ngu:** Mcwaningimabhuku-jikelele waseNingizimu Afrika

**Xhumana no:** Africa Boso • (012) 422 9880 • [Africab@agsa.co.za](mailto:Africab@agsa.co.za)



**Landela i-AGSA ku-Twitter:** [https://twitter.com/AuditorGen\\_SA](https://twitter.com/AuditorGen_SA)

**Umbiko wabomthombo wezindaba:** Umbiko jikelele obukeziwe wokuphathwa kwezimali zomphakathi womphumela wenhlolo-mabhuku ezimali, nayo yonke imibiko yezifundazwe ngazinye, kuyatholakala ku-[www.agsa.co.za](http://www.agsa.co.za). Lo mbiko okhishelwe abezindaba, nezihumusho zawo zeseSotho, isiTsonga, isiXhosa, isiNgesi nesiBhunu ziyatholakala nazo kule nkundla yethu yezokuxhumana.

**Maqondana no-AGSA:** U-AGSA uyisikhungo esiphakeme sezocwaningomabhuku ezimali ezweni. Yisona sodwa isikhungo ngokomthetho, esimele ukuhlola amabhuku ezimali, nokubika ngokuthi isetshenziswa kanjani imali yabakhokhintela. Lokhu kube yiyona nto enakiwe ku-AGSA kusukela evela ngowe-1911 – inhlango ibigubha iminyaka yayo yokwazeka elikhulu yocwaningomabhuku ezimali yomkhakha wezomphakathi ngowe-2011.